enye inhlupheko. Ngizangena endlini zonke ebusuku ngibulale amazibulo wonke aselizweni leGibithe. Kodwa wena uzabatshela abakoIsrayeli abazakwenza ukuze basile. Khuluma ubatshela ukuthi kabathathe ngulowo lalowo umninindlu izinyane elingelasici, alihlabe, alidle ngalobobusuku elabendlu yakhe. Bathathe igazi lewundlu balifafaze esivalweni ngaphandle, ukuze nxa ngisedlula ngilibone igazi ngingangeni ukubulala izibulo kuleyondlu. Abantu bonke bazakudla bemi ezindlini zabo belungele ukuhamba." AbakoIsrayeli benza njalo, bahlaba amazinyane, bawosa, bawadla ebusuku. Badla bemi, belentonga zabo ezandleni, lamanyathelo enyaweni, lezinto zonke zilungiselwe ukuhamba. Badla isinkwa lesitshebo sombhida obabayo ndawonye lenyama yezinyane. Bafafaza igazi emnyango njengokutsho kukaNkulunkulu ukuze basile.

Ngalobobusuku abaseGibithe balala njengensukwini, kodwa phakathi kobusuku amazibulo abo afa ezindlini zonke. Isithunywa sikaNkulunkulu sasingabonakali nxa singena endlini. Kodwa sangena kuzo zonke izindlu elizweni lonke, sadlula kuphela izindlu ezazilegazi emnyango. Kwathi phakathi kobusuku kwavela isililo esikhulu elizweni lonke. Oyise labonina baphuma ezindlini zabo, belila bekhalela abantwana babo.

Izibulo likaFaro lafa kanye lamazibulo wonke abantu lawenkomo. UFaro wavuka phakathi kobusuku, wababiza oMozisi loAroni, kodwa kwakumnyama, ngakho kababubonanga ubuso benkosi. UFaro wathi kubo, "Hambani lina, labakoIsrayeli, thathani inkomo zenu lezimvu, lisuke lihambe."

AbaseGibithe bakhupha abantu ukuze baphangise bahambe masinyane, ngoba besaba ukuthi uNkulunkulu uzababulala bonke. AbakoIsrayeli bacela izinto lemali kubo abaseGibithe, labo babapha kakhulu izinto ezinengi ezinhle, lemali enengi. AbakoIsrayeli kwasekukade besebenza nzima eGibithe, ngakho kwakulungile ukuthi baphiwe okunengi bengakasuki.

AbakoIsrayeli baphangisa basuka ngalobobusuku, bahamba beqhuba imihlambi yabo. Babengabantu abanengi kakhulu, ixuku elikhulu, belibandla elikhulu.

Khathesi-ke sebephumile eGibithe lapha ababekade behlezi khona beyizigqili. UNkulunkulu wayesikhumbule isithembiso sakhe

kuAbrahama, ngoba khathesi abantwana bakhe sebesendleleni yokuya eKhanani.

UNkulunkulu wamlaya uMozisi esithi abakoIsrayeli kufanele bakhumbule iminyaka yonke ngomusa kaNkulunkulu wokubakhupha eGibithe. Wakhuluma ukuthi ngosuku oluthile ngomnyaka bazakwenza umkhosi, bahlabe amazinyane bawadle njengokwenza kwabo ngobusuku abaphuma ngabo eGibithe. Umkhosi lo wathiwa ngumkhosi weDlulaphezulu, ngoba uNkulunkulu wadlula phezulu lapha okwakufafazwe khona igazi emnyango.

Igazi lezinyane elenza amazibulo endlini asile liyasikhumbuza ngegazi likaJesu elacithelwa abantu ukuze abamthandayo bazuze ukuphila okungapheliyo. Lathi kasifanele ukukhohlwa umusa kaJesu ngoba wafa wachithela izoni igazi lakhe ukuhlawulela izono zazo.

Khathesi ake libale inhlupheko zonke ezathunywa nguNkulunkulu kuFaro lebantwini baseGibithe.

1. Amanzi aphenduka aba ligazi.
2. Amaxoxo.
3. Intwala.
4. Izibawu.
5. Ukufa kwezifuyo
6. Amathumba.
7. Isiqhotho lemidumo.
8. Intethe.
9. Ubumnyama.
10. Ukufa kwamazibulo.

Zazizihlupheko ezisabekayo kangakanani lezi! Kodwa zizakuba khona inhlupheko ezimbi okwedlula lezi esihogweni.

Ngiyathemba, bantwana abathandekayo, ukuthi lizalalela uNkulunkulu, njalo lingamenzi alithukuthelele. Liyakwazi ukuthi kungani uNkulunkulu engasithumelanga inhlupheko ezinje ezesabekayo khathesi. UJesu uyasikhulekela, njalo uNkulunkulu usilindele ukuthi siphenduke¹, sibe lusizi ngezono zethu njalo sikholwe eNkosini uJesu.

1 INkosi iyasibekezelela, ingathandi ukuthi lamunye abhubhe kodwa ukuthi bonke bafinyelele ekuphendukeni. 2 UPetro 3:9.

Imibuzo

UNkulunkulu wabiza bani ukukhuluma laye entabeni?

UMozisi wazingelezelani intaba ngothango?

Kwabonwani entabeni lapha uNkulunkulu eshlela kuyo?

UNkulunkulu wakhuluma amazwi bani ngelizwi elikhulu?

Kungani abantu bafisa ukuthi bangabuyi balizwe lelolizwi?

UMozisi wahlala isikhathi esingakanani entabeni yedwa loNkulunkulu?

UNkulunkulu wamnikani uMozisi esekhulume laye?

Iyini indlela eya ezulwini?

kwentaba watshela uNkulunkulu amazwi abantu. UNkulunkulu waphendula wathi, "Ngiwazwile amazwi alababantu abawakhulume kuwe, bakhulume kuhle konke abakukhulumileyo. Kwangathi kungaba khona inhliziyo kubo yokungesaba lokunanzelela imilayo yami ukuze kube kuhle kubo lakubantwana babo kuze kube ngokungapheliyo. Khathesi batshele ukuthi babuyele emathenteni abo."

Liyabona ukuthi uNkulunkulu wathanda ukuthi lababantu babe ngabalungileyo. Kodwa wazi ukuthi kabamthandi enhliziyweni zabo.

UMozisi wamthanda uNkulunkulu sibili. UNkulunkulu wakhuluma laye kakhulu, wambiza ukuzahlala laye yedwa entabeni. UMozisi wayahlala loJehova entabeni insuku ezingamatshumi amane emini lebusuku engadli, enganathi; kodwa uNkulunkulu wamsilisa wakhuluma laye eyezini elimnyama.

Ekupheleni kwesikhathi uNkulunkulu wamnika uMozisi ugwalo lwelitshe. Kulolugwalo uNkulunkulu wayelobe imilayo yakhe elitshumi, eyakhulunywa nguye entabeni.

Wayelobele ukuthi uMozisi ayifundele abantwana bakoIsrayeli ukuze bangakhohlwa imilayo yakhe.

Licabanga ukuthi lingacina yini le imilayo elitshumi? Lihlezi libahlonipha njalo lilalela oyihlo lonyoko yini? Selike likhulume amanga ngabanye abantu? Wawuke uhawukele izinto zabanye abantu? Hatshi, kakho lamunye owagcina imilayo. Kakho ongaya ezulwini ngokugcina imilayo. Iyasifundisa ukuthi inhliziyo zethu zimbi njani. Kodwa liyazi ukuthi uNkulunkulu uyasithanda kangaka, wasilungisela indlela yokuthi siye ezulwini. Iyini indlela? INkosi uJesu yathi: Mina ngiyindlela. Wayigcina imilayo ngokupheleleyo; kodwa lokhu kakusisindisi. INkosi uJesu yafa esiphambanweni ukuthi ijeziselwe izono zethu. Khathesi kufanele ukuthi sithembe kuye ukuze asise ezulwini sivikelekile.

Imibuzo

Lapha kwafika ukuduma lesiqotho abanye basila njani?
 Ekuveleni kwobumnyama ngensuku ezinthathu kwakukhanya ngaphi?
 UFaro edinga ukuthi inhlupheko zisuswe ngubani owakhuleka kuNkulunkulu ukuzisusa?
 Yayiyini inhlupheko yokucina?
 AbakoIsrayeli bafafazelani iminyango legazi?
 Babesenzani uFaro ethi kabahambe?
 Kwakungani uNkulunkulu wathi amIsrayeli azakudla izinyane ebusuku, kanye ngomnyaka?
 Kwakuyikuthini lokhu?
 Kwatshiwo ngani ukuthiwa, ngumkhosi weDlulaphezulu?
 Izinyane lomkosi lo, lalifanana loJesu ngani?
 Ngitshelani inhlupheko ezilitshumi?

25. UMOzisi loLwandle oluBomvu

UEksodusi 13:17-22; 14; 15:1-22

Ngizahlabelela iNkosi ngoba inqobile, ilodumo: ibhiza lomgadi walo ikuphosele elwandle. UEksodusi 15:1

Khathesi abakoIsrayeli sebesendleleni besiya eKhanani. Kodwa kwakukhatshana ukuya kuleliyana ilizwe elihle. UNkulunkulu wabatshengisa indlela ngeyezi elimnyama elahamba phambi kwabo. Babona iyezi lihamba labo balandela. Kodwa iyezi elimnyama lingeze labonakala ebusuku, ngakho ebusuku uNkulunkulu wenza iyezi likhanye njengomlilo. Emini iyezi leli lalingumthunzi wabo ositha ilanga, ebusuku lalibakhanyisela. Nxa iyezi lisima, labantu bonke babesima, laye uMozisi wabalaya ukuthi kabamise amathente abo baphumule. Nxa iyezi liqala njalo ukuhamba, abantu kwakumele bagoqe amathente abo bawafake emakameleni laphezu kwabobabhemi babo basuke bonke bahambe.

AbakoIsrayeli bahamba kakhulu baze bafika okhunjini lolwandle. Basebesima, labantu bamisa amathente abo eduze lolwandle. Ulwandle lolu luthiwa luLwandle oluBomvu. Kumbe linganakana ukuthi amanzi olwandle lolu ayebomvu njengegazi. Kodwa hatshi, amanzi alo ayefanana lamanye amanzi lanxa kuthiwa luLwandle oluBomvu.

Besazihlalele emathenti abo, abantu bezwa umsindo omkhulu. Kwakungumsindo wamavili enqola, lomsindo wamabhiza. Bakhangela babona ukuthi uFaro uyabalandela lebuthe lakhe, besesekhatshana. UFaro wayesezisola ngoba wabavumela ukuthi bahambe, njalo wabuya wabalandela esithi uzababuyisa ngamandla.

AbakoIsrayeli bethuka kakhulu. Basebezakwenzani khathesi? Behluleka ukuchapha ulwandle ngoba babengelazo izikepe zokuchaphisa. Njalo babengezihlalele ngoba besazi ukuthi uFaro uzabafica alwe labo. Kanti baze benzani? Basebeqala ukukhala kuNkulunkulu ukuthi abasize. Kwakulungile lokhu kodwa masinyane baqala ukwenza okunye okungalunganga, ngoba baqala ukukhuluma ngolaka kuMozisi. Bambuza ngentukuthelo bathi, "Wasikhuphelani

kwabantwana kuze kube sesizukulwaneni sesithathu lesesine sabangizondayo; kodwa ngibenzela umusa izigidi zabo abangithandayo lezabagcina imilayo yami.

3. Ungaliphathi ngeze ibizo likaJehova uNkulunkulu wakho; ngoba uJehova akayikumyekela engelacala ophatha ibizo lakhe ngeze.
4. Khumbula usuku lweSabatha ukulungcwelisa. Wosebenza insuku eziyisithupha wenze umsebenzi wakho wonke; kodwa usuku lwesikhombisa luliSabatha likaJehova uNkulunkulu wakho. Ungenzi umsebenzi ngalo; wena lendodana yakho, lendokazi yakho, inceku yakho lencekukazi yakho, lenkomo yakho, lesihambi sakho, esiphakathi kwamasango akho; ngoba ngensuku eziyisithupha uJehova wenza amazulu, lomhlaba; lolwandle, lakho konke okukukho, waphumula ngolwesikhombisa. Ngalokhu uJehova walubusisa usuku lweSabatha, walungcwelisa.
5. Hlonipha uyihlo lonyoko, ukuze insuku zakho zibe nengi elizweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.
6. Ungabulali.
7. Ungafebi.
8. Ungebi.
9. Unganiki ubufakazi bamanga ngomakhelwane wakho.
10. Ungafisi indlu kamakhelwane wakho, ungafisi umkamakhelwane wakho, lenceku yakhe, lencekukazi yakhe, lenkabi yakhe, lobabhemi wakhe, njalo loba yini ekamakhelwane wakho.

Yiwona la amazwi akhulunywa nguNkulunkulu entabeni, wasethula.

Abantu bonke bathokoza uNkulunkulu eseqedile ukukhuluma, ngoba babesesaba ukuduma bethuthumela kakhulu baze bema khatshana kwentaba. Masinyane beza kuMozisi bathi kuye, "Sondela wena uzwe konke okukhulunywa nguJehova uNkulunkulu wethu, ukutsho kithi konke okukhulunywa kuwe nguJehova, lathi sizakuzwa sikwenze."

Ngakho uMozisi waphinda wangena eyezini elimnyama laphezu

kwayo ukuze abantu bangasondeli entabeni ukuze benyuke.

Kwathi ngosuku lwesithathu sekusile kwaba khona ukuduma lombane leyezi elimnyama phezu kwentaba, lokukhala kophondo okukhulu kakhulu, bathuthumela bonke abantu¹. UMozi waphuma labantu ukuyahlangana loNkulunkulu, bayakuma ezansi kwentaba. Intaba yonke yeSinayi yathunqa intuthu ngoba uJehova wehlela phezu kwayo ngomlilo. Intuthu yayo yenyuka njengentuthu yeziko, intaba yonke yazamazama kakhulu.

Ukukhala kophondo kwanda kwezwakala kakhulu kakhulu, uMozi wakhuluma, uJehova waphendula.

UJehova wambiza uMozi ukuthi eze kuye entabeni. UMozi wenyuka; labantu bonke bambona ehamba esenyuka kulintaba eyesabekayo.

Esefikile phezulu uNkulunkulu wathi kuye, "Yehla uyebatshele abantu ukuthi bangabokulandela benyuke khonapha kulintaba." UMozi waphendula wathi, "Ngibekile uthango indawo zonke." Kodwa uNkulunkulu waphinda wathi, "Yana ubatshele ukuthi bangasondeli entabeni." Ngoba uNkulunkulu wazi ukuthi bangabantu abalesibindi njalo abangalaleliyo kangakanani. Ngakho uMozi wehla wayabatshele abantu.

UNkulunkulu wasekhuluma ngelizwi elikhulu, abantu bonke bema ngaphansi kwentaba balalela bethuthumela.

UNkulunkulu watshumayela wonke lamazwi wathi, "NginguJehova uNkulunkulu wakho engikukhuphe elizweni leGibithe, lendlini yobugqili."

1. Ungabi labanye onkulunkulu phambi kwami.
2. Ungazenzi isithombe esibaziweyo, laloba yiwuphi umfanekiso wokusemazulwini phezulu, loba wokusemhlabeni phansi, loba wokusemanzini ngaphansi komhlabathi; ungakukhothameli, ungakukhonzi; ngoba mina uJehova uNkulunkulu wakho, nginguNkulunkulu olomona, ngiphindisela ububi baboyise phezu

¹ Kwakusesabeka kangaka lokho okwabonwayo, uMozi wathi: Ngilovalo ngiyathuthumela. AmaHeberu 12:21.

eGibithe? Besingakhetha ukufela khona kulokuthi sifele lapha."

Kwakuyikungabongi ukutsho njalo kuMozi, kodwa yena wabaphendula ngobunene wathi, "Musani ukwesaba, uNkulunkulu uzalilwela, aliyikuphinda libone uFaro labantu bakhe njalo. UMozi wasesiyakhuleka kuNkulunkulu ngoba wayesazi ukuthi uNkulunkulu uzabasiza. UJehova wathi kuMozi, "Tshono kwabakolrayeli ukuthi basuke bahambe. Phakamisa intonga yakho, welulele isandla sakho phezu kolwandle ulwahlukanise. AbakoIsrayeli bazahamba phakathi kolwandle emhlabathini owomileyo." UMozi welula isandla sakhe phezu kolwandle, uJehova wahambisa amanzi ngomoya olamandla wasempumalanga owaphephetha ngalobobusuku bonke, waphendula ulwandle lwaba ngumhlabathi owomileyo, amanzi ehlukana. AbakoIsrayeli bahamba phakathi kolwandle emhlabathini, amanzi abaludonga kubo ngakwesokunene langakwesokhohlo.

AbakoIsrayeli lenkomo zabo baqala kusihlwa ukuchapha ulwandle, bachapha ubusuku bonke ngoba babebanengi. Indlela yabo yakhanya ubusuku bonke ngoba babona ukukhanya kweyezi ezulwini. Kodwa uNkulunkulu kavumanga ukuthi uFaro abone ukukhanya kwaleliyezi. Ngakho uNkulunkulu walibuyisa emuva iyezi walimisa phakathi kwabakoIsrayeli labaseGibithe. Laba liyezi elimnyama kwabaseGibithe kodwa nganeno kwabakoIsrayeli lakhanya kakhulu. Ibutho likaFaro lehluleka ukuhamba masinyane ebusuku ngoba kwakumnyama kakhulu. Kodwa abakoIsrayeli bahamba masinyane etshebetshebeni phakathi kolwandle bekhanyiselwa liyezi. Sekusile bonke basebefikile ngaphetsheya. Babengakafiki eKhanani kodwa babechaphe ulwandle sebesendleleni besiya eKhanani.

Khatesi sengizalitshela ukuthi uFaro lempi yakhe bachapha kumbe hatshi. Sekusile bafika okhunjini lolwandle babona ukuthi kulendlela engelamanzi phakathi kolwandle. Basebengena baqala ukuhamba ngayo. Kodwa sebephakathi bonke bengakafiki phetsheya uNkulunkulu wabakhanga eseyezini lakhe. Basebeqala ukwesaba ngoba bezwa umsindo uduma, lenqola zabo zahamba kanzima. Bakhulumisana bathi, "Asibuyele emuva sibabalekele abakoIsrayeli ngoba uJehova uyabalwela." Bazama ukubaleka masinyane, kodwa behluleka ngoba uNkulunkulu wakhuluma kuMozi wathi, "Yelula isandla sakho phezu kolwandle ukuthi amanzi abuyele endaweni yawo." UMozi wenza njalo lamanzi abuyela endaweni yawo, ayibulala yonke impi le phakathi kolwandle. Yikho ukufa kukaFaro lebutso

lakhe.

Ekuseni abakoIsrayeli babona ezinye izidumbu zabaseGibithe ezaphoswa lulwandle okhunjini. Babona ukuthi uNkulunkulu ubatshayile abaseGibithe ngokona kwabo lokuhlutshwa kwabo. Bathokoza ngalolosuku abakoIsrayeli. Badumisa uNkulunkulu babonga umusa wakhe ngengoma enhle. Ingoma le yaqala ngalamazwi okuthi, "Ngizahlabelela kuJehova ngoba elobukhosi obukhulu, ibhiza lomgadi walo ukuphosele olwandle."

Udadewabo kaMozisi uMiriyamu owamlinda engumntwana efihlwe ngunina emfuleni, watshaya ichacho kuhle, labafazi bahlabela laye. Kwakukuhle khathesi kwabakoIsrayeli, ngoba insuku zabo zokutshaywa lokuhlutshwa ngabaseGibithe zasezedule, njalo basebesendleleni besiya elizweni elihle.

Bantwana abathandekayo, kulelizwe elingcono kuleKhanani. Lilikhaya likaNkulunkulu uBaba ezulwini. Ngiyathemba sizahlala khona ngelanga elithize. Kasifanelanga yini ukumdumisa uNkulunkulu ngokusithela ukuthi singafika njani kulelizwe elimnandi? UNkulunkulu uzalinceda, bantwana abathandekayo, ukuthi liyefike khona, nxa limcela. USathane, liyazi, uyazama ukuthi azuze imiphefumulo yenu; kodwa uNkulunkulu ulamandla kuloSathane. UNkulunkulu kamvumelanga uFaro ukuthi alimaze abakoIsrayeli, njalo uNkulunkulu angamvimbela uSathane ukuthi angalilimazi¹.

¹ UNkulunkulu wokuthula uzahle amchoboze uSathane ngaphansi kwenyawo zenu. AmaRoma 16:20.

27. UMOzisi lentaba iSinayi

UEksodusi 19; 20; 24; 31:18

Njalo kulo wonke okholwayo uyalungisiswa kukho konke obungelungisiswe kukho ngomlayo kaMozisi. ImiSebenzi 13:39

AbakoIsrayeli babelokhu behamba emangweni, ngoba ilizwe leKhanani lalikhathshana.

Masinyane bafika entabeni ende sibili ethiwa yiSinayi. Yayiyintaba leyana lapha uMozisi abona khona isihlahla esivuthayo eselusa izimvu zakhe¹. Khathesi wayebafikisile abakoIsrayeli kuyo lindawo lapho uNkulunkulu ayekhulume laye khona kuqala. AbakoIsrayeli bamisa amathente abo eduzane lentaba ngoba iyezi lema, labantu babesazi ukuthi bazaphumula kulindawo.

UNkulunkulu wambiza uMozisi entabeni ukuze akhulume laye. UMOzisi wenyuka waya phezu kwentaba. UNkulunkulu wathi kuye, "Uyabona umusa wami engiphethe abakoIsrayeli ngawo ngokubakhupha eGibithe? Khathesi yehla entabeni uye ubabuze ukuthi bayavuma ukulalela ilizwi lami, lokwenza imilayo yami na? Ngoba aluba bevuma, bazahlala bengabantu bami abathandekayo."

UMozisi wehla wayabatshela abantu lamazwi kaNkulunkulu. Abantu bonke baphendula bathi, "Konke akutshoyo uJehova sizakwenza."

UMozisi wabuya wakhwela entabeni wamtshela uNkulunkulu amazwi abantu ukuthi bavumile ukulalela imilayo yakhe. UNkulunkulu wasesithi, "Khathesi abantu sebezakuzwa ilizwi lami nxa ngikhuluma lawe Mozisi. Yehla uyebatshela bazilungise."

UMozisi wehla waya ebantwini wathi kubo, "Ngosuku lwesithathu lizakuzwa ilizwi likaNkulunkulu limbone eyezini phezu kwentaba. Lungisani liwatshe izigqoko zenu."

Abantu basebelungisa bawatsha izigqoko zabo, ukuze babuthane phambi kukaNkulunkulu belezigqoko ezimhlophe.

UMozisi walaya abanye ukuthi bazingelezele intaba ngothango phansi

¹ UEksodusi 3:12.

Imibuzo

AmaIsrayeli enzani lapha eswela ukudla emangweni?
 UNkulunkulu wawapha ukudla njani?
 Abantu babuthelani imana ekuseni kakhulu lingakakhudumali?
 Imana yayisiba njani nxa ilalisiwe?
 Benzani abakoIsrayeli lapha beswele amanzi okunatha?
 UNkulunkulu wabapha njani amanzi?

Imibuzo

AbakoIsrayeli bayazi njani indlela yokuya eKhanani?
 Ngubani owabalandelayo sebesukile eGibithe?
 Bachapha njani ulwandle oluBomvu?
 Kungani abakoIsrayeli babebona indlela kuhle ebusuku?
 Kungani uFaro lempi yakhe kababonanga kuhle indlela ebusuku?
 UFaro lempi yakhe besabelani nxa bephakathi kolwandle?
 Kuyini okwamehlelayo uFaro lempi yakhe?
 Ulwandle lwaphosani okunjini kusasa?
 AbakoIsrayeli benzani ngokusindiswa kwabo?
 Ngubani olinga ukusithinta ukuze singangeni ezulwini?

26. UMOzisi lemana lamanzi aphuma edwaleni

UEksodusi 16; 17:1-7

Yenzani zonke izinto kungelakusola lokuphikisana.

AbaseFiliphi 2:14

AbakoIsrayeli bathokoza ngoba khathesi basebekhatshana kubo ababekade bebahlupha. Khathesi babengasasetshenziswa nzima, kodwa umkhokheli wabo uMOzisi wayelungile ebaphatha ngomusa. Babefanele ukuthaba lokuthula.

Basebefika phakathi komango omkhulu okwakungelabantu lezindlu lamasimu khona¹. Kwakulezilo zomango kuphela². AbakoIsrayeli babelibandla elikhulu; ngakho ukudla kwabo kwaphela masinyane.

Sekuphelile ukudla, baqala masinyane ukusola. Babefanele ukukhuleka kuNkulunkulu ngoba yena ulamandla okubasiza. Kodwa hatshi, bayabethethisa uMOzisi loAroni besithi, "Kwakukuhle sisahlezi eGibithe ngoba khona kwakulokudla okunengi, kodwa lapha sizabulawa yindlala. Lisikhuphe eGibithe ukuze lizesibulalela emangweni." Kababonganga kuNkulunkulu lakuMOzisi ngokuncedwa kwabo kwamandulo.

UMozisi kabaphendulanga ngolaka. Wayesazi ukuthi uNkulunkulu uzwile amazwi abo okusola. UNkulunkulu wambiza uMOzisi wathi kuye, "Ngizwile ukukhuluma kwalababantu, njalo ngizabapha ukudla." Babengafanele ukuphiwa ukudla ngoba babonile, kodwa uNkulunkulu wabaphatha ngomusa. UJehova wathi kuMOzisi, "Khangela ngizanisa isinkwa sasezulwini. Abantu bazaphuma babuthe esilingeneyo usuku ngosuku."

Kusisa nxa abakoIsrayeli bephuma emathenteni abo, bakhangela babona ukuthi umhlaba umhlophe, ulezigaqanyana ezigcweleyo ngaphansi, endaweni zonke kungathi kuyiliqwa ilikhithikayo.

1 Inkangala enkulu leyesabekayo, okwakulenyoka ezilokutshisa lezinkume lomhlabaathi owomileyo, lapho okwakungelamanzi khona. UDuteronomi 8:15.

2 Inkangala engelalutho ebhongayo. UDuteronomi 32:10.

Bakhulumisana bathi, "Kuyini lokhu, kasikaze sikubone okunje?" UMOzisi wasesithi, "Lokhu yisinkwa alinika sona uJehova ukuthi kube yikudla kwenu. Kubutheni kube ilowo abuthe njengokuswela kwakhe." Benza njalo abakoIsrayeli, abanye babutha okunengi abanye babutha okulutshwane belinganisa ngulowo abantu bendlu yakhe¹. AbakoIsrayeli basibiza lesisinkwa ngokuthi yimana, sezwakala emlonyeni kwangathi zinyosi. UNkulunkulu wayinisa² imana insuku zonke ekuseni kakhulu. Abantu bavuka bayibutha imana ingakancibilikiswa lilanga. UNkulunkulu wamtshela uMOzisi ukuthi alaye abantu ukuthi bangaboyigcina imana kuze kuse, ngoba izavela insuku zonke. Kodwa abanye kabamlalelanga uMOzisi, bagcina enye imana, kodwa kusisa babona ukuthi isilempethu, bayilahla. Benza ngobuthutha babo, ngoba kabalalelanga uNkulunkulu. Ngosuku lwesithupha abantu balaywa ukuthi babuthe kube kunengi okuzalingana insuku ezimbili, ngoba bezaphumula ngosuku lwesikhombisa.

Emva kohambo, abantu baswela amanzi okunatha. Babehamba lapha okwakungelamifula, imithombo lamachibi khona. Kambe lithi uNkulunkulu uzabayekela abantu bakhe bafe beswela amanzi na? Hatshi, kodwa lababantu babekhumbula njalo. Ngakho baya bemthukuthelela uMOzisi bekhuluma ngolaka besithi, "Wasikhuphelani eGibithe? Ufuna ukusibulala sonke labantwana bethu lenkomo zethu ngokoma na?"

Bamthukuthelela kakhulu baphosa bamkhanda ngamatshe. UMOzisi wakhala kuNkulunkulu wathi, "Ngizabenza njani lababantu? Sebefuna ukungikhanda ngamatshe."

UNkulunkulu wasesithi kuMOzisi, "Thatha intonga yakho ukhwele entabeni ethile uhambe labanye abadala babantu. Usufikile phezulu, tshaya idwala, amanzi azaphuma kulo" UMOzisi wenza njalo, walitshaya idwala, kwaphuma kulo amanzi amanengi. Abantu abasele ngaphansi bawabona amanzi esehla entabeni, bathokoza banatha, bona lenkomo zabo. AbakoIsrayeli babefanele ukumthamba uNkulunkulu ukuthi uzabasiza ngoba wayebaphethe ngomusa. UNkulunkulu ulomusa lakithi. Sifanele ukuhlala sithokoza simbonga, singafanani labakoIsrayeli lokusola kwabo.

1 Abantu bahambahamba bayibutha bayichola ematsheni okuchola, loba bayigiga engigeni, bayipheka ezimbizeni. Amanani 11:8.

2 Wabanisela imana ukuthi badle, wabapha amabele amazulu. Izihlabelo 78:24.

Zaqeda insuku ezingamatshumi amane zilokhu zihlola ilizwe leKhanani.

Sezibuyele emathenteni, abakoIsrayeli bamangala kakhulu bebona zonke izithelo eziphethwe zinhloli.

Inhloli zaseziqala ukubika indaba zazo. Zabatshela abantu ngelizwe ukuthi lihle, kodwa zabuya zakhuluma ngamandla abantu balo, lemizi ebizweyo eqinileyo. Zacina ngokuthi, "Thina kasilamandla okuyakulwa lalababantu, ngoba balamandla kulathi.

AbakoIsrayeli badana kakhulu besizwa lamazwi, basola uMozisi loAroni bathi, "UJehova usiletheleni kulelizwe ukuthi sibulawe sonke labantwana bethu?"

Kwakungalunganga ukwenza lokho, ngoba uNkulunkulu wayekhulumile ukuthi uzabasiza abangenise eKhanani. Babefanele ukuwakholwa amazwi kaNkulunkulu.

Kodwa ezimbili zalezizinhloli zazilungile zimkhulwa uJehova, amabizo azo ayengoJoshuwa loKalebi. Zona zazingathandi ukubethusa abantu, ngakho-ke uKalebi wasukuma wakhuluma wathi, "Asisuke singene kulelizwe, silamandla okubanqoba lababantu, ngoba uJehova ulathi." Kodwa ezinye inhloli ezilitshumi zalandula zathi, "Hatshi, kasilawo amandla, sizakwehlulwa ngabaseKhanani sife sonke." Lezinhloli ezilitshumi zazingalunganga, ngoba kazimthembanga uJehova, njalo zenza abantu babe lokwesaba enhliziyweni zabo.

Abantu bakhuluma ngokusola ubusuku bonke, kodwa kabakhulekanga kuJehova ukuthi abamise izibindi.

Emuva bathi, "Ake sibuyele eGibithe." Babesazi njalo ukuthi uMozisi wayengasoze avume ukubabuyisela emuva. Ngakho abanye bathi, "Asikhethe omunye ozakuba ngumkhokheli wethu ozasibuyisela eGibithe."

UMozisi loAroni bezwa lamazwi amabi, bahlupheka kakhulu bawa ngobuso phambi kwethabhanekhele. Badana kakhulu ngokubona ububi balababantu, lokungakholwa kwabo.

UJoshuwa loKalebi basebesukuma bakhuluma phambi kwabantu bathi, "Silibonile ilizwe ukuthi lihle kakhulu, njalo aluba simthemba uJehova uzasisiza ukuze silinqobe, asingesabi abantu bakhona ngoba uJehova kakho kubo."

UMozisi wayesentabeni eloNkulunkulu engazi ukuthi abantu benzani. Kodwa uNkulunkulu wayesazi, ngakho wathi kuMozisi, "Yehla entabeni ngoba abantu laba obakhuphe eGibithe bonile, bazenzele ithole elibunjiweyo sebelikhonza. Ngizabathukuthelela ngibabulale bonke, kodwa wena labantwana bakho lizasila."

UMozisi wadabuka esizwa ukuthi uJehova ubathukuthelele kangaka abantu, ngakho wamncenga uJehova ukuthi abathethelele, akhumbule isithembiso sakhe asenzayo kuAbrahama esokuthi uzababusisa abantu bakhe. UNkulunkulu walalela ukuncenga kukaMozisi wathi kayikubabulala bonke.

UMozisi wasesehla masinyane entabeni, ephethe ugwalo lwelitshe esandleni. Esehile wezwa umsindo wabantu abahlabeleyo. Kwathi esesondele emathenteni walibona ithole labantu begida. Kwakusesabeka kuMozisi ukukubona lokho. Kwamenza ukuthi athukuthele sibili waze waluphosa phansi ugwalo lwelitshe lwadabuka lwaba zincezu. AbakoIsrayeli babeyephule imilayo kaJehova. Ngakho uMozisi waluphahlaza ugwalo lomthetho elolaka, njalo edabukile. Waselithatha lelithole, waliphosa emlilweni, wabuya walichola laze laba luthuli, waluthela emanzini wasebanathisa khona abakoIsrayeli.

UMozisi wamthukuthelela kakhulu uAroni ngokwenza kwakhe ithole, wathi kuye, "Lababantu benzeni kuwe ukuthi ubehlisele isono esikhulu kangaka?" UAroni waphendula wathi, "Kalungavuthi ulaka lwakho, uyabazi abantu ukuthi bande ebubini. Bathi kimi, 'Senzele unkulunkulu ozahamba phambi kwethu ngoba uMozisi lo, umuntu owasikhupha elizweni leGibithe kasazi ukuthi wehlelwe yini.' Ngathi kubo, 'Olecici legolide kalikhuphe alilethe kimi.' Ngakuphosa emlilweni kwaphuma lelithole."

Amazwi kaAroni ayengalunganga ngoba wayelecala elikhulu. Lanxa sinxuswa ngabanye kasifanele ukwenza okungalunganga. UMOzisi walaya amanye amadoda ukuthi athathe inkemba njalo abulale abantu abanengi; basebebulala amadoda azinkulungwane ezinthathu ngenkemba. UNkulunkulu laye wathuma umkhuhlane phakathi kwabo; abanengi babo bagula, kodwa kababulalanga bonke ngoba wezwa ukukhuleka kukaMozisi.

Lizwile ukuthi ugwalo lwelitshe lwaseludabukile. UNkulunkulu

wasesithi kuMozisi, "Zenzele olunye ugwalo lwelitshe, mina ngizaloba kulo amazwi aye kolokuqala, olwadabukayo. UNkulunkulu wasesehlela njalo entabeni, wambiza uMozisi, waphinda waloba amazwi akhe ogwalweni lwelitshe. UMOzisi wahlala loNkulunkulu entabeni insuku ezingamatshumi amane, lobusuku obungamatshumi amane. UJehova waxoxa laye, kodwa kakhulumanga ngelizwi elidumayo njengakuqala. UMOzisi wabona ubukhosi bukaJehova, kodwa kabubonanga ubuso bakhe ngoba ubuso bakhe bubonwa ngabasezulwini kuphela.

UMoya kaNkulunkulu wayekuMozisi, ngakho kesabanga ukuhlala loNkulunkulu. Emva kwensuku ezingamatshumi amane uMozisi wehla entabeni weza ebantwini ephethe ugwalo lwelitshe esandleni. Khatesi abantu babezihlalele nje, bengakhonzi isithombe. Babuthana beza kuye besithi bazekhuluma laye, kodwa sebesondele besaba bonke loAroni, ngoba bebona ubuso bakhe bukhanya kakhulu. Kungoba wayekade ehlezi ebukhosini bukaNkulunkulu ekhangele ukucwazimula kwakhe. Ngakho wasembomboza ubuso bakhe ngelembu elithiwa liveli waze waqeda ukukhuluma labantu.

Ngiyathemba, bantwana abathandekayo, ukuthi ubuso benu ngelinye ilanga buzakhanya ezulwini¹. Uba lithanda uNkulunkulu khatesi, ngileqiniso ukuthi ngelinye ilanga lizambona ezulwini, libe selifanana laye².

1 Abahlakaniphileyo bazakhanya njengokukhanya kwesibhakabhaka. UDaniyeli 12:3.
2 Siyazi ukuthi uba ebonakala, sizakuba njengaye, ngoba sizambona njengoba enjalo. 1 UJohane 3:2.

32. UMOzisi labahloli belizwe

Amanani 13; 14:1-39

Yena okholwa endodaneni ulempilo elaphakade; kodwa yena ongakholwayo endodaneni, kayikubona impilo, kodwa ulaka lukaNkulunkulu luhlezi phezu kwakhe. UJohane 3:36

Emva kwalokho sebehambile kakhulu abakoIsrayeli bafika eduzane leKhanani babona intaba ezinde khatshana, njalo babefisa ukubona ukuthi ilizwe lalinjani, labantu bakhona ukuthi banjani. Ngakho-ke beza kuMozisi bathi kuye, "Asithume amanye amadoda ukuthi ayehlola ilizwe, abuye asitshele ukuthi linjani¹."

UMozisi wabuza kuJehova ukuthi bawathume na ayehlola ilizwe. UNkulunkulu wavuma wathi bangathuma amadoda alitshumi lamabili. Ngakho uMozisi wabiza amadoda alitshumi lamabili wathi kuwo, "Sukani liye ngaseningizimu, ngasentabeni, likhangele ilizwe ukuthi linjani, labantu abahlala kulo ukuthi balamandla kumbe kabalamandla, ukuthi balutshwana loba banengi. Lokuthi ilizwe abahlala kulo linjani, ukuthi lihle, loba libi, lemizi abahlala kuyo injani, bahlala emathenteni kumbe ezinqabeni eziqinileyo. Lokuthi ilizwe livundile kumbe kalivundanga, lokuthi lilezihlahla lokuthi kalilazo. Manini isibindi, libuye lezithelo zelizwe.

Asesuka ahamba endleleni yawo; amadoda la kwathiwa azinhloli zelizwe.

Inhloli lezi zangena elizweni leKhanani, zahamba ezintabeni, lasemifuleni elizweni lonke. Zabona amasimu amahle, lamabele amanengi, lezihlahla ezinengi ezilezithelo ezimnandi, lezinye izihlahla ezigcwele inyosi.

Njalo zabona imizi eqinileyo, ebiyelwe ngemithangala eqinileyo, emide, ebanzi. Zabona abantu abanengi, lamaqhawe, leziqhawaga.

Kwesinye isifula zabona esinye isihlahla esithiwa livini esasilezithelo zevini ezivuthiweyo. Zathatha elinye ihlukuzo elikhulu kakhulu lezithelo zevini ukuthi zilitshengise abakoIsrayeli. Ihlukuzo leli lalithwalwa ngabantu ababili, libotshelwe ogatsheni ngoba lalinzima. Inhloli zakha ezinye izithelo ezinengi zabuyela lazo kwabakoIsrayeli.

1 UDuteronomi 1:22.

Imibuzo

Umpristi watshisa umnikelo onjani insuku zonke ekuseni lakusihlwa?
 Bangobani ababezidla izinkwa ezindala ezazisuswa ngesabathe
 etafuleni legolide?
 Ngubani owayengena phakathi kwethabhanekela insuku yonke
 ukutshisa impepha?
 UmPristi wethu Omkhulu ungubani?
 Kambe usenzelani thina kuYise ezulwini?
 Abapristi babekhalisa impondo zesiliva ngini?
 Bangobani ababethwala ukwembe lomthetho?
 Thina sizafika ngaphi aluba simkholwa sibili uJesu?

Imibuzo

AbakoIsrayeli benzani sebediniwe ukummela uMozisi?
 Ngubani owayenzayo inkonyane?
 Ngubani owamtshelayo uMozisi ukuthi abantu benze inkonyane?
 Ngubani owancenga uNkulunkulu ukuthi angababulali?
 UMozisi waluphoselani phansi ugwalo lwelitshe?
 Wenzani uMozisi lenkonyane?
 UNkulunkulu wenzani kubo?
 Nxa uMozisi ekuNkulunkulu entabeni wabonani?
 Esabani amaIsrayeli ukusondela kuMozisi esehlile entabeni?
 Babenziwe yini ubuso bakhe ukuthi bukhanye?
 Lina lizakukhanya nini?

29. UMOzisi lethabhanekela

UEksodusi 35; 36; 37

Elakhiwa kuye lani kanye labanye ukuba yindlu yokuhlala kaNkulunkulu kuMoya. AbaseEfesu 2:22

UMozisi wahlala insuku ezinengi entabeni eloNkulunkulu. Sengizalithshela ukuthi uNkulunkulu wathini kuye ngalezonsuku. Wakhuluma kuye ngendlu enhle abakoIsrayeli ababezamakhela yona emangweni.

UMozisi esehlile entabeni wababiza abantu bonke kuye ukuthi akhulume labo. Waqala wabakhumbuza ukuthi bangabosebenza ngosuku lweSabatha, kodwa bazadumisa uNkulunkulu kakhulu ngalolusuku.

Wabuya wabatshela ukuthi kuzakwakhiwa indlu enhle ukuze badumise uNkulunkulu kuyo. Wathi njalo bazaletha ezinye izinto zabo ezinhle abazakwakha ngazo.

Kambe abakoIsrayeli babelazo izinto ezinhle na? Yebo, ngoba liyakhumbula ukuthi amaGibithe ayebaphile kakhulu.

Kambe lithi babezavuma yini ukumnika uNkulunkulu lezizinto, kumbe babezakwala bathi, "Siyazifuna lezizinto ukuze sisebenze ngazo okunye lokunye kwethu." Hatshi, kodwa bavuma kuhle. Uba sisiba lusizi nxa sinika izinto, uNkulunkulu kathokozi¹. Eseqedile ukukhuluma labo, abantu bachitheka baya emathenteni abo. Bakhupha khona izinto ezinengi ezinhle, amacici lamasongo egolide lawesiliva, lamalembu alemibala emihle, lamanye amhlophe, lezigogo zezimvu lezembuzi. Baletha zonke lezizinto kuMozisi. Abanye abanothileyo baletha amatshe aligugu lempepha elephunga elimnandi, lamafutha.

UMozisi wathaba ebona ukuthi abantu bayaletsa izipho zabo kuNkulunkulu, belenhliziyi ezimhlophe lezithokozayo.

Khathesi lizakuzwa ukuthi bangobani phakathi kwabantu

1 UNkulunkulu uyamthanda onikelayo ngentoko. 2 AbaseKorinte 9:7.

Iyezi seliqala ukuhamba abapristi bakhalisa impondo zesiliva kabili. Lokhu bakwenza ukuthi abantu babone ukuthi sekuzahanjwa. Abantu babesebegoqa amathente abo, lezinto zabo bazibeka emakameleni, laphezu kwabobabhemi babo. Abapristi babesebengena phakathi kwethabhanekela bazisibekela izinto zonke ngamalembu alife. Lokhu bakwenza bebodwa, bengabonwa ngabantu. Babesebezikhupha lezizinto bazinika amadoda ukuthi azithwale¹. Kodwa umtshokotsho bawusibekela wathwalwa ngabapristi². Abapristi balaya amanye amadoda ukuthi athwale amalembu wonke lamapulanka wonke abaziweyo ethabhanekela³.

Abapristi bahamba phambili bethwele umtshokotsho, abantu bonke bebalandela, bekhangela iyezi likaNkulunkulu elalibatshengisa indlela⁴. Nxa bebona ukuthi iyezi selisima, abantu bonke babesima, bamise ithabhanekela lamathente abo⁵, baphumule.

AbakoIsrayeli bahamba ngokunjalo emangweni wonke. Babefanele ukumdumisa uNkulunkulu babonge umusa wakhe abaphethe ngawo. Ngoba uNkulunkulu wabapha ukudla okuvela ezulwini, njalo wayekhulumile ukuthi uzabangenisa elizweni elihle ababezahlala kulo. Njalo wayefake isithembiso sakhe sokuthi uJesu uzakuza afele izoni. Ngakho-ke babehlaba iminikelo yabo ukuthi bakhumbule lesisithembiso.

Thina-ke kasifanele ukukhohlwa uJesu lokufa kwakhe. Sifanele ukumkhumbula simkholwe khona lathi sizangena elizweni elihle lasezulwini. UNkulunkulu uyathanda ukuthi singene khona, laye uJesu uyasikhulekela kuNkulunkulu.

1 Amanani 4:5-15.

2 Abapristi, amadodana kaLevi, ababethwala umtshokotsho. UDuteronomi 31:9.

3 Amanani 4:23-33; 7:6-8.

4 Amanani 10:33,34.

5 Amanani 9:15-23.

31. UMOzisi lokuhamba kwabakoIsrayeli

Ngenxa yalokho laye ulamandla okusindisa ngokupheleleyo abeza kuNkulunkulu ngaye lokhu ephilela njalo ukubanxusela.

AmaHeberu 7:25

Khathesi abakoIsrayeli sebelendawo yokutshisela iminikelo. Insuku zonke ekuseni umpristi wayehlaba izinyane libe linye, alitshise elathini lethusi¹. Njalo wayetshisa impepha elathini legolide phakathi kwethabhanekela². Lakusihlwa wayephinda enze njalo.

Nxa beqala ukutshisa imnikelo uNkulunkulu wayethumela umlilo ovela ezulwini elathini ukuzatshisa iminikelo³, njalo abapristi babengayekeli umlilo lo ucitshe. Lezibane eziyisikhombisa phakathi kwethabhanekela zazihlala zibhebha. Ngosuku lwesabatha abapristi babefaka izinkwa ezintsha etafuleni yegolide besusa izinkwa ezindala bezidla⁴.

Insuku zonke abantu babengena egumeni lethabhanekela ukuthi bakhuleke kuNkulunkulu lokuthi babone ukutshiswa komnikelo. Njalo babembona uAroni engena ethabhanekeleni ukuyatshisa impepha, lokukhulekela abantu abaphandle. Abantu babesima bethule egumeni aze aphumele kubo uAroni phandle ukuzababusisa. Wayephakamisa izandla zakhe phezu kwabo esithi, "UNkulunkulu alibusise alilondoloze⁵."

UJesu Kristu ungumPristi wethu Omkhulu⁶ nxa sikholwa kuye; ungenile ezulwini ukusincengela kuYise, njalo uyasibusisa.

Ithabhanekela lisalungiswa, abantu babehlezi endaweni eyodwa eduzane lentaba enkulu iSinayi. Kodwa masinyane isilungisiwe, iyezi likaNkulunkulu laqhubekela phambili.

1 UEksodusi 29:38-42.

2 UEksodusi 30:7,8.

3 AmaLevi 9:24.

4 AmaLevi 24:5-9.

5 Amanani 6:23-27. ULuka 9; 10; 22.

6 Silompristi omkhulu kakhulu, odlulele emazulwini, uJesu iNdodana kaNkulunkulu. AmaHeberu 4:14.

abazakwakha indlu le enhle ekaNkulunkulu. UMOzisi wababiza abakoIsrayeli wabatshela ukuthi uNkulunkulu ukhethe amadoda amabili phakathi kwabo wawagcwalisa ngoMoya wakhe, uwenzile ukuthi ahlakaniphe kakhulu ekusebenzeni kwawo ngamatshe, langokubaza, langeminye imsebenzi emihle. UMOzisi wawabiza lamadoda ngamabizo awo, wawatshengisa lezizinto ezinhle, wathi kawaqalise ukuyakha indlu, wathi uzawatshela ukuthi azayakha njani. Wakhuluma njalo ukuthi abantu bazasebenza baphathise amadoda la amabili ahlakaniphileyo.

Abantu basebeqala ukusebenza. Amadoda abaza amapulanka amade, njalo ancibilikisa igolide lesiliva emlilweni, enza ngakho amalathi, lezitsha, leziqobane zezibane, lezinye izinto ezinengi. Abesifazana beluka amalembu bawalungisa. Basebenza ngokukhuthala okwenyanga ezinengi izinto zonke zaze zaphela.

Khathesi sengizalitshela ngokwakhiwa kwaleyondlu. Yayingakhiwanga ngamatshe langezitina njengezinye izindlu. Yayenziwe yaba njengethente elikhulu ngoba ithente lingasuswa kwenye indawo limiswe kwenye. Yenziwa njalo ngoba abakoIsrayeli babeyizihambi, njalo ekuhambeni kwabo bathatha indlu le bayimisa emangweni endaweni lapho ababephumula khona. Indlu le yayinkulu, njalo yayithiwa lithabhanekela.

Lapho besakha ithabhanekela babeqala ngokumisa bahlanganise amapulanka amade, abazwe kuhle. Amapulanka la enza umduli wendlu, njalo yafulelwa ngamalembu amahle ngaphezulu. Yayingelasivalo sepulanka kodwa kwalengiswa ilembu elihle eliqatha emnyango.

Indlu le yayinhle ibukeka ngoba imiduli yayo yayihugwe ngegolide, njalo amalembu alengayo, lafuleleyo ayemahle. Amanye ayebomvu, amanye ayelifefe, amanye eluhlaza.

Ngaphakathi kwethabhanekela kwakulezindlu ezimbili, enye inkulu enye incinyane. Ngizalitshela ngezinto ezangeniswa kulezindlu ezimbili.

Endlini enkulu kwakulezinto ezintathu ezinhle. Ngaphakathi kwayo kwakulelathi legolide, kodwa kwakungatshiswa mhlatshe kulo. Kodwa kwakutshiswa impepha elephunga elimnandi. Ilati leli

lalithiwa lilathi lempepha. Eceleni, ngaphakathi kwakuletafula yegolide eyayilezinkwa ezilitshumi lambili. Izinkwa lezi zazihlala khona, zingadliwa muntu, zazibukwa kuphela, njalo kwakususwa ezindala ngosuku lweSabatha, kungeniswe ezintsha. Kwelinye icele kwakulesiqobane sesibane esilezibane eziyisikhombisa. Kwakungelawindi ethabhanekeleni, kodwa izibane lezi zaziikhanyisa indlu yonke. Indlu le yayiyinhle, ilephunga elihle lempepha, kodwa indlu encinyane yayisedlula enkulu ngobuhle. Kwakulembu phakathi kwendlu enkulu lendlu encinyane. Lelilembu lalisesikhundleni sesivalo. Lalithiwa liveyili.

Kule indlu encinyane kwakulebhokisi legolide elalilengilosi zegolide ezimbili phezu kwalo. Phakathi kwalelibhokisi kwabekwa ugwalo lwelitshe olulemthetho kaJehova, ngakho lelibhokisi lalithiwa libhokisi lomthetho. Indlu le yayiyinhle kakhulu ngoba uNkulunkulu wayesehlela khona ngeyezi lakhe ayigcwalise ngokukhanya kwakhe.

Iyezi likaNkulunkulu lalihlala lisehlela phakathi kwezingilosi zombili phezu kwebhokisi lomthetho. Njalo iphezulu yebhokisi yayithiwa yisihlalo somusa, ngoba uNkulunkulu ehlela lapho, njalo uNkulunkulu ugcwele uthando lomusa. Indlwana le yayikhanya kakhulu lanxa yayingelawindi, njalo ingelasibane. Ubukhosi bukaNkulunkulu babuyigcwalisa indlu ngokukhanya okukhulu.

Imibuzo

UMozisi esentabeni uNkulunkulu wathi uzakwakhani?
 AbakoIsrayeli bamnikani uMozisi azakwakhe ngakho indlu kaNkulunkulu?
 Amadoda la amabili akwazi njani ukusebenza kuhle?
 Indlu le yayenzelwani ukuthi yakhiwe ingafanani lezinye?
 Ibizoyiyo lalithiwa yini?
 Imithangala yendlu yayenziwe ngani?
 Indlu le yayifulelwe ngani?
 Isivalo sayo sasinjani?
 Phakathi kwayo kwakulezindlu ezinkaki?
 Ngitshelani izinto ezinthathu ezazisendlini enkulu?
 Kwatshiswani elathini legolide?
 Zazingaki izibane ezibaxeni?

Imibuzo

Iguma lethabhanekela lalilothango olunjani?
 Izinto ezimbili ezazisegumeni zaziqini?
 Kwatshiswani elathini lethusi?
 Ngubani owageza emganwini wethusi?
 UmPristi Omkhulu wayengubani?
 UmPristi Omkhulu wayengena ngaphi, kanye ngomnyaka?
 UAroni wayegqoka izigqoko ezinjani?
 Kwalotshwani enqeleni wengowani kaAroni?
 Ngobani ababemphathisa uAroni emsebenzini wakhe wokutshithsa imnikelo?
 Amadodana akhe ayegqoka izigqoko ezinjani?
 Ngubani owayimisayo ithabhanekela sezilungisiwe izinto zonke?
 UMozisi wathela ngaphi amagcobo?
 Kwabonwani, ngaphezu kwethabhanekela, isimisiwe?
 AbakoIsrayeli babefanele ukuthaba ngani?

bonke loAroni ngamafutha amahle emakhanda.

Sekuphelile lokhu uNkulunkulu wehla ngeyezi lakhe, lenkazimulo yakhe yagcwala indlu yonke, kwabonakala ebantwini bonke ukuthi uNkulunkulu uvumile ukuthi ithabhanekela yindlu yakhe. Iyezi likaNkulunkulu labonakala ngaphandle kwethabhanekela njengaphakathi, njalo ebusuku lalikhanya njengomlilo.

UNkulunkulu wayefuna ukuthi abantu bakhe bamthande, balalele imilayo yakhe, ngakho wavuma ukuthi bazabona ubukhosi bakhe kancinyane, babone ukuthi useduze labo. Njalo lathi siyakholwa ukuthi uNkulunkulu useduze, lanxa singamboni ngamehlo omzimba. Kodwa nxa umzimba usufile nxa sikhola kuJesu ngenhliziyo yonke khathesi sizakuhlala laye ezulwini, sibone ubuso bukaNkulunkulu lobukhosi bakhe, sihlale sithabe ngokungapheliyo.

Izigqoko zomPristi Omkhulu.

1. Isigqoko esimhlophe esilemikhono emide.
2. Isigqoko esinjengefefe.
3. Isigqoko esifitshane esithiwa yi-efodi.
4. Iqhele elimhlophe okhalweni.
5. Isihlangwanyana sesifuba.
6. Ingwane ende elomqhele.

Endlini encinyane elobukhosi bukaNkulunkulu kwakulani?
 Kwathiwa ngumtshokotsho lomthetho ngani?
 Naphezu kwawo kwakuthiwani?
 Iyezi likaNkulunkulu lalihlala ngaphi kulindlu?
 Kuyini okwakuyikhanyisa indlu le?
 Enkulu yayikhanyiswa yini?

30. UMOzisi labapristi

UEksodusi 38; 39; 40

Njengokutsho kukaNkulunkulu ukuthi, "Ngizahlala kibo, njalo ngizabhoda phakathi kwabo; sengizakuba nguNkulunkulu wabo, bona-ke bazakuba ngabantu bami." 2 AbaseKorinte 6:16

Ngilitshelile ngethabhanekele ukuma kwalo. Khathezi sengizalitshela ngezinye izinto ezazihlala ngaphandle kwalo. Ithabhanekela lalileguma elikhulu, njalo lilothango olwalwenziwe ngamalembu elengiswe ezigodweni.

Ngizalitshela ngezinto ezimbili ezazihlala kuleliguma. Kwakulilathi lethusi elikhulu. Lalingafanani lelathi legolide elincinyane elokutshisela impepha, elaliphakathi kwethabhanekela. Kodwa lalililathi lokutshisela iminikelo yenkomo, lamankonyane, lembuzi, lezimvu.

Liyakhumbula ukuthi uNkulunkulu wayelaye abantu ukuthi nxa besondela kuye ngokukhuleka, kwakumele beze leminikelo yabo. Kodwa liyakhumbula na ukuthi lokhu kwakungenxa yini? Kwakungoba uNkulunkulu wathanda ukuthi abantu bakhumbule isithembiso sakhe sokuthi uzathuma iNdodana yakhe emhlabeni ukuzafela izono zabantu. UAbela, loNowa, loAbrahama labanye njalo abanengi babetshisa iminikelo. Ilathi leli elethusi lalingeleminikelo yokutshiswa. Iminikelo yahlathwa, igazi lacithekela elathini, lentuthu yalo yenyukela ezulwini.

